PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

BEKA UVO LWAKHO

ISIMEMO SOKUTHI UMPHAKATHI ULETHE IZETHULO KANYE NOKUPHAWULA

IKomidi elingaGuquki elibhekele ezeMali limema abanentshisekelo nalabo ababambe iqhaza ukuthi bathumele izethulo ezibhalwe phansi mayelana noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukuphathwa Kwezimali Zikahulumeni [B41 – 2018] kanye noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukuphathwa Kwezimali Zikahulumeni [B13 – 2020]

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA UKUPHATHWA KWEZIMALI ZIKAHULUMENI [B41 – 2018] UHLOSE:

• ukuchibiyela uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, we-1999, ukuze kuhlinzekelwe ukwengamela kwePhalamende lapho kufakwa isicelo sokuthi kukhishwe isiqinisekiso, isinxephezelo noma isibambiso sivunywa noma sinqatshwa • kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nalokho.

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA UKUPHATHWA KWEZIMALI ZIKAHULUMENI [B13 – 2020] UHLOSE:

• ukuchibiyela uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, we-1999, ukuze kuhlinzekelwe ezinye izinyathelo ezimweni lapho isigungu sokuphatha sehluleka ukwethula umbiko wonyaka, izitatimende zemali kanye nombiko wocwaningomabhuku ofanele womnyango noma uhlaka lukahulumeni oluwubophezele, kusiShayamthetho sikaZwelonke noma kusishayamthetho esifanele • kanye nokuhlinzekela ngezindaba ezihlobene nalokho.

Izethulo kufanele zifike lingakashayi ihore le-12:00 ngoMsombuluko, mhla ziyi-6 kuNhlangulana/Juni wezi-2022.

Labo abafuna ukwenza izethulo ezithangamini zomphakathi ngoLwesibili, mhla ziyi-7 kuNhlangulana/Juni wezi-2022 kufanele bakucele ngokucacile lokhu. Lokhu kulalelwa kuzokwenziwa nge-Zoom.

Izethulo kufanele zibhekiswe koNobhala beKomidi, uMnu Allen Wicomb noNksz Teboho Sepanya, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000 noma zithunyelwe nge-imeyili ku: awicomb@parliament.gov.za / tsepanya@parliament.gov.za / inombolo yocingo: 021 403 3759 / 021 403 3662.

Sikhishwe uMhlonishwa J Maswanganyi, iLungu lePhalamende, uSihlalo:
IKomidi elingaGuquki elibhekele ezeziMali (isiShayamthetho sikaZwelonke)

Parliament – Following up on our commitments to the People
– Making your future work better